DIOCESE OF BETHLEHEM

Sedika sa Bethlehem
Isifundabhishobhi sase Bethlehem
Bisdom Bethehem

Tel: (058) 303 5351
Fax: (058) 3035352
E-mail: diocese@bhm.dorea.co.za

218 Cambridge Street, Bethlehem South Africa
P. O. Box 366, Bethlehem, South Africa, 9700.

INCWADI YOKWELUSA: USUKU LWABAGULAYO EMHLABENI WONKE: 2021

“Kepha nina maningabizwa ngokuthi mfundisi, ngokuba munye umfundisi wenu, nina nonke ningabazalwane” (Mt. 23:8).

Ithemba elincike ebuzalwaneni ukuhola ukunakekela abagulayo.

Bafowethu nodadewethu abathandekayo kuKristo,

Minyaka yonke ngomgqibelo olandela ukukhumbula iVirigo elibusisiweyo uMariya waseLourdes, sivamise ukuhlangana ohambeni oluyingcwele eMarian ‘Shrine’ eTsheseng ukukhulekela abagulayo nalabo abanakekela abagulayo. Lapho abantu abaningi abagulayo bayagcotshwa bamukela iSakramente labagulayo. Kulonyaka loluhambo bekufanele lube ngomhlaka 13 kuFebruary. Ngeshwa lolubhubhane olubizwa ngokuthi iCoronavirus lwenze ukuthi loluhambo lungabi impumelelo. Kodwa lokhu akusho ukuthi sikhohliwe ngabantu bethu abagulayo nalabo ababanakekelayo. Cha, akunjalo! Kunalokho, kufanele sibakhulekele ngokusemandleni wethu, ikakhulu ngalesisikhathi esibhekene nesifo iCorona, sicela ukunxuselwa nguMariya ukuthi kuphele ukubhebhetheka kwalesi sifo esibulala ngendlela efihlakele.

Njengeminyaka yonke, uPhapha uFrancis usiphathele umbiko okhethekile. Uthathe ingqikithi yakhe yalonyaka eVangelini likaMatewu (Mt. 23: 1-12) lapho uJesu wayesola abazenzisi labo ababehluleka ukwenza lokho ababekushumayela. Asikwazi ukuhlala sithule nje singenzi lutho kulabo bantu abagulayo nabahluphekayo ngenxa yemiphumela yalesi sifo iCorona nakulabo ababanakekelayo – bezempilo, amasha-nhliziyo, izisebenzi, abaPriste, nezindela – bonke laba bantu bathwele kanzima ngenxa yenani eliphezulu leziguli ezihaqwe yilesi sifo iCorona. Amazwi amnandi nje kuphela awasizi ngalutho. uJesu uqobo lwakhe, njengomSamariya olungileyo, usinika isibonelo: usicela ukuthi sizinikeze ithuba lokulalela, ukwakha ubudlelwane kanye nabanye, ukuba nozwelo kanye nomusa, ukwenza ukuhlupheka kwabo, ukukhala kwabo, nokuphelelwa ithemba, konke lokho sikwenze kube ngokwethu njengoba sifuna ukubasiza (Lk. 10: 30-37). Lesi sifo seCorona senze ukuthi sibone ukuthi sibuthakathaka kangakanani, ngisho nalabo abangabochwepheshe abakakhoni ukulapha leligciwane. Lesi sifo senza ukuthi sibone ukuthi siyadingana ukuze sinqande ukubhebhetheka kwaso. Lesi sifo senza futhi ukuthi sikhanyelwe kakhulu ukuthi siyizidalwa ezincike kuNkulunkulu. Zonke izinsuku sithola inani lalabo abathelelekile nalabo abashonile ngenxa yaleli gciwane. Uma

sikhuluma ngesibalo sisuke sikhuluma ngabantu. Lolubhubhane olukhona lukhombisa ngokusobala ukungalingani ohlelweni lokunakekela kwezempilo luveza futhi ukunakekelwa okunganele kweziguli (hhayi kuphela eAfrika kodwa ngisho nasemazweni aseNtshonalanga kanye namazwe aseAmelika). Ukuba nezisetshenziswa ekunakekeleni nokusiza abagulayo kufanele ukuthi kube yinto yokuqala ehambisana nomthetho wokuthi umuntu wonke kufanele athole usizo olufanele kwezempilo. Noma kunjalo lolubhubhane luveze futhi ukuzinikela nokuphana kwezisebenzi zabezempilo, amasha-nhliziyo, izisebenzi, abaPriste nezindela, ukuba nezibopho nothando lukamakhelwane ongcweti abaningi emikhakheni ehlukene basebenzise ulwazi abanalo ukulapha, ukududza, ukululeka nokumisa isibindi imindeni yalabo abagulayo. Akuyona kuphela indaba yokuphana ngemithi ebalulekile kodwa futhi nokuba seduzane, lokho kusekela futhi kududuze abagulayo ekuhluphekeni kwabo.

Thina lapha kusiFundabhishobhi saseBhethlehema lolusuku labagulayo nabanakekeli emhlabeni wonke singalugubha kanjani na? Abanye abaPriste, abafundela ubuPriste, namalunga weKomiti lesakhiwo sikaMariya kanye nomBhishobhi, egameni lesiFundabhishobhi sonke, bazohlangana esakhiweni sikaMariya eTsheseng ngomgqibelo mhlaka 13 kuFebruary, bazothandaza iRosari babeneMisa eliyiNgcwele becela ukunxuselwa nguMariya, uMame wethu waseBhethlehema. Noma kungenzeka ukuthi singabi nenani elikhulu emthandazweni esakhiweni sikaMariya eTsheseng singathandaza nasemakhaya. Uma isimo salolubhubhane nokuvaleleka ezindlini (lockdown) kungashintshi singahlangana kumaPharishi wethu ngeSonto ngezi 14 zikaFebruary sigubhe iMisa eliyiNgcwele noma sibe neNkonzo yangeSonto uma umPriste engekho ngenhloso yokukhulekela abahaqwe yilesi sifo nokukhulekela abasizi babo sisebenzisa izifundo zangeSonto lesithupha lenkathi yonyaka ojwayelekile unyaka B (6th Sunday); lezizifundo zihlangana kahle kakhulu nengqikithi yokukhulekela abagulayo emhlabeni wonke. Evikini elilandela leliSonto abaPriste bangamukelisa iSakramente labagulayo kuziguli emakhaya azo. Uma kwenzeka ukuthi ukuvaleleka ezindlini (lockdown) akuvumeli ukuthi kuhlanganwe emaSontweni kungasetshenziswa ezinye izindlela njengokuthi iMisa eliyiNgcwele elenziwa ngumPriste libonakale emakhaya kumabonakude noma kusetshenziswe ezobuchwepheshe isibonelo icellphone/ilatop noma kukhuthazwe imindeni ukuhlangana emakhaya ikhuleke ngaphambi komfanekiso kaMariya Ocwebileyo futhi yabelane ngezifundo zangeSonto lelo. Lena imibono nje embalwa engininikeza yona.

Asethule abagulayo, izisebenzi zezempilo nabo bonke labo abazinikela ngomusa ukusiza abafowethu nodawethu abahluphekayo kuMariya Ocwebileyo, uMame womusa noyimpilo kwabagulayo. Makaqinise ukholo lwethu nethemba, asisize futhi ukuthi sinakekelane omunye nomunye ngothando lobuzalwane.

+ Jan De Groef

UmBhishobhi wesiFundabhishobhi saseBethlehema.